

Solw. Mvuyo Tom

## 3 ISINGENISO SIKASIHLALO

Ukufinyelela emsebenzini obalulekile okumele wenziwe nonzima njengokukhiqiza inqubo yokwenza ucwaningo evelele nehamba phambili ngezinkinga ezibalulekile eziphathelene nomphakathi ukuze kuhlinzekwe abenza izinqubomgomo abaqhamuka nezincomo zokunciphisa inkinga, ngolwazi oluvela ocwaningweni emkhakheni othile, ukuze lusebenze ekuqondeni nasekuchazeni izimo eziphathelene nomphakathi nokunikeza isimiso esibalulekile oguqukweni oluphathelene nomphakathi kokukhula okubandakanya wonke umuntu emphakathini, kudinga inhlanganisela ehambisanayo yobuholi namakhono emvelo okwenza okuthile. Ngaphansi kwezimo esezivamile, kudinga futhi ukukwazi ukuvumela izimo eziguqukayo kanye nokuzimisela okukhulu nokuqhamuka nezinto ezintsha.

Kuyintokozo ukwethula lo Mbiko Wonyaka Ohlanganisiwe egameni lebhodi le-HSRC. Kuwumcabango wokuziqhenya wokuthi kusho ukuthini ukuba abaholi ekukhiqizeni nasekusabalaliseni ucwaningo lwezesayensi ephathelene nomphakathi ukwenzela umphakathi.

Uhlelo oluyisu lweminyaka eyisihlanu olusha lwe-HSRC lwaqala ukusebenza mhla lu-1 ku-Ephreli 2020. Ngesikhathi seminyaka eyisihlanu kuze kufike ku-2024/25, inhlangano izolandela imiphumela yamasu eyisihlanu, efingqiwe emagameni amafishane akhiwe izinhlamvu zokuqala zamagama aphimisekayo i-LeaPPT+S - Leadership in knowledge production, Policy influence, Partnerships, Transformed research capabilities and Sustainability okuchaza uBuholi ekukhiqizweni kolwazi, Inqubo okwenziwa ngayo inqubomgomo, Ukusebenza ngokubambisana, Amandla ocwaningo aguqukile kanye Nokukwazi ukwesekeka. Izibekele imigomo yokuhambisa umkhiqizo kwaminyaka yonke enzima ekutholeni le miphumela. I-HSRC yenze kahle ngokweqile ekufinyeleleni kule migomo ngalo nyaka obuyekezwayo.

Okubaluleke kakhulu nokho, lo mbiko ukhombisa igalelo lenhlangano ekulweni ne-COVID-19 kuzwelonke. Njengoba uNgqongqoshe Wezemfundo, Ezesayensi Nokuqhamuka Nokusha ulungiselele Uhlelo Lukazwelonke Lokuqhamuka Nokusha ukuthi kubhekwane ngokuhanganyela ne-COVID-19, i-HSRC iphendule ngokushesha ngokuhlanganisa, ukuthatha nokuqonda ngokugcwele nokwabelana ngolwazi olusize uhulumeni ekutheni aqonde izinto eziphathelene nomphakathi zobhubhane. Ukucaphuna emsebenzini kaSol. Crain Soudien othi The Conversation womhla ziyi-10 kuMashi 2021:

> "Nakuba okuphathelene nezinto eziphilayo kuyimbangela yezinkinga zethu, imiphumela iphathelene nomphakathi. Sinabantu abagulayo, abantu abashonayo, abantu abangasebenzi, abantu abangakwazi ukuthola ukunakekelwa ngokwezempilo. Okubonakala kancane - kodwa okungenzi ubuthaka bube buncane - isimo esiphazamisayo nesiphathana kabi kakhulu engqondweni nesidala umonakalo emindenini nasemiphakathini.
>
> Yingakho kungamangazi ukuthi iqhaza lezesayensi ephathelene nomphakathi, umkhakha wezemfundo obhekene nocwaningo lwabantu nesiko labo nezobuciko libalulekile njengamanje."

> *Lo mbiko egalelweni lokubhekana ne-COVID-19 kuzwelonke ngokuqoqa, ukuthatha nokuqonda ngokugcwele nokwabelana ngolwazi olusize uhulumeni ekuqondeni izinto eziphathelene nomphakathi zobhubhane.*

Emuva nje kokuthi kuvalwe izwe ngoMashi 2020, i-HSRC iqale lokho okwakuzoba uchungechunge lwezinhlolovo ekuqondeni indlela yokucabanga, eyokwenza nokubona ngandlela thile mayelana ne-COVD-19. Imiphumela yalokhu yanikeza ulwazi uhulumeni njengoba wawuhlanganisa izindlela zokubhekana nalokhu nokuthumela imiyalezo.

Ngesikhathi okuseqhulwini okuphathelene ne-COVID-19 kungundabuzekwayo ocwaningweni onyakeni, imiphumela yezinye izinhlolovo ezibalulekile, njenge-2019 Trends in Mathematics and Science Study, 2018/19 Research & Development Statistical Report, 2014-2016 Business Innovation Survey nombiko we-Green Economy Research, ukubalwa ezimbalwa, nazo zakhishwa.

Ukusebenza ngokubambisana okuningi kwenzeka ukwenzela ukuthi kwenzeke lo msebenzi nokweseka iqhaza lokuhlanganisa le-HSRC. Lokhu kufaka, phakathi kokunye, ukusebenza ngokubambisana kwenyuvesi yaseGoli neyaKwaZulu-Natali nezimpiko e-HSRC kwizinhlolvo ezehlukene zokuvalwa kwezwe ne-COVID-19. Inhlolovo i-National Anti-Body yenziwa ngokubambisana nabacwaningi okubanjiswene nabo i-Epicentre, i-National Institute for Communicable (NICD), i-National Health Laboratory Services (NHLS) ne-South African Medical Research Council (SAMRC), ngemali evela kwi-Solidary Fund. Ithimba locwaningo elihlangene le-HSRC ne-Walter Sisulu University yabheka umthelela yemithetho yokuvalwa kwezwe emingcwabeni nasezintweni zesintu ezenziwayo ezindaweni zasemakhaya esifundeni esasibizwa nge-Transkei kuqala eMpumalanga Koloni. Inhlangano eholwa yi-HSRC efaka i-Sol Plaatjie University, i-Academy of Science of South Africa, i-National Research Foundation, i-International Science Council, i-Universities South Africa, i-Faculty of Humanities e-University of Pretoria, i-Centre for Humanities Research e-University of Western Cape, ne-Environmental Humanities South e-University of Cape Town, yahlanganisa iqoqo elincane labantu abaqokelwe ukuthi benze okuthile, izingxenye zomhlangano lapho amalungu ezinhlangano eba khona, nezingxoxo ezihlelekile nezincithabuchopho zomhlaba jikelele ngaphansi kwengqikithi "Radical Reason" ka-2020 okungukubheka umsuka wenkinga.

Siyaziqhenya kakhulu ngokuqokwa kukaSol. Ivan Turok, Ingcweti Yocwaningo Enkulu ophikweni lokuthuthukiswa kwezonotho i-Inclusive Economic Development (IED) lwe-HSRC, owaklonyeliswa ngokuba usihlalo wocwaningo yinhlangano ebizwa nge-South African Research Chairs Initiative (SARChI). Uzoba uSihlalo Wocwaningo ophikweni lwezomnotho wesifunda sedolobha i-City-Region Economies eMnyangweni Wezomnotho Nezezimali kanye Nesikhungo Sokweseka Ezentuthuko eNyuvesi yase-Free State. Usihlalo wocwaningo ukusebenza ngokubambisana kokuqala kwalolu hlobo phakathi kwenyuvesi yaseNingizimu Afrika ne-HSRC.

Ibhodi liyajabula ukuthi lokhu kusebenza ngokubambisana, kanye nokunye ukusebenzisa ngokubambisana okuvele kukhona, kuhlinzeka isisekelo esiqinile ukwakhela kuso ukuze sifinyelele emiphumeleni yethu yokuba okusetshenziswana naye owazekayo nowethembekile kuhulumeni, imiphakathi yezesayensi kanye nomphakathi wonkana.

Njengoba singena onyakeni omusha, sithola amathuba amaningi ayingqayizivele ukudala ukusebenzisana okuyisu nokubambisana ohlelweni lukazwelonke lokuqhamuka nokusha okuyi-National System of Innovation. Ukuba kweminyango Yezemfumdo Ephakeme Nezokuqeqesha, neZesayensi Nokuqhamuka Nokusha ngaphansi komnyango owodwa okunguMnyango Wezemfumdo Ephakeme Nezokuqeqesha, Ezesayensi Nokuqhamuka Nokusha, kudale ithuba lokubambisana okukhulu nomsebenzi wokweseka namanyuvesi, kanye nenhlangano i-National Institute of Humanities and Social Sciences (NIHSS). Ithuba elinjalo selivelile lokusebenza ngokusondelana ne-NIHSS kanye nenhlangano i-South African Population Research Infrastrucuture Network (SAPRIN) ukubhekana nalokho okushiwo uNgqongqoshe ukulungiselela ezesayensi ephathelene nabantu nomphakathi i-Human and Social Sciences ukwenzela ukusingathwa kwe-COVD-19 nokwakha kabusha ezomnotho nohlelo lokubuyisela esimweni esejwayelekile. Ngokufanayo, i-HSRC izobambisana nezikhungo eziwumnyombo wozinzo nezibamba iqhaza ohlelweni i-National Policy Data Observatory (NPDO) ukuze ifinyelele emigomeni yayo yokulandela umthelela ophathelene nezomnotho nomphakathi nowezempilo odalwe yi-COVID-19, ukulandela izindlela zokubhekana nenqubomgomo, nokweseka ukuthathwa kwezinqumo okungaholela ekubuyeleni kwesimo kwesikhathi eside nokwesekekayo ekubuyeleni kwezomnotho womhlaba esimweni esejwayelekile emva kwe-COVID-19.

Inselelo enkulu yoMkhandlu onyakeni obuyekezwayo kwaba ukuqhubeka kokuncishiswa kwemali ekhishwa yiphalamende. Uhulumeni wabuye washintsha indlela yokusetshenziswa kwezimali zikahulumeni ukubhekana ne-COVID-19, kwancishiswa isabiwozimali sika-2020/2021 ngo-10%, okwadinga ukuthi kwabiwe kabusha ngokucophelela izimali ezikhona. Izimali zokukhokhela izindleko zokusebenza, kokubili okuhlosiwe nokungumphumela wemithetho ye-COVID-19, kwavumela inhlangano ukuthi ikwazi ukwedlula kulokhu. Nokho, umthelela wokunciphisa imali, kuhlangene nokumiswa kokuqasha abantu abasha ukugcina iholo labasebenzi liphansi, kwabonakala kakhulu ekungakwazini ukugcwalisa izikhala zemisebenzi ebalulekile.

Ibhodi le-HSRC lavalelisa uSol. Crain Soudien, isivumelwano sakhe sokusebenza saphela mhla zinga-31 kuMashi 2021. Ibhodi lifisa ukumbonga ngobuholi bakhe obunokuzinikela negalelo elikhulu kwezesayensi ngesikhathi sakhe somsebenzi. Uyinxusa langempela lobulungiswa obuphathelene nomphakathi. Simfisela konke okuhle emisebenzini yakhe yengesikhathi esizayo.

Isikhathi seBhodi elikhona manje siyaphela mhla zingama-31 ku-Okthoba 2021. Ibhodi eliphumayo lizobeka okufanele kwenziwe okugxilwe kukho okubalulekile elizokuqala bese likwedlulisela eBhodini elilandelayo, okuqaphelekayo izincomo ezivela ohlelweni lokubuyekeza lwesikhungo luka-2018. Lokhu kufaka ukubuyekeza inqubo eyenzelwa ukwakha isimo esikhombisa izimali zenhlangano nokuqhamuka nesu lokuqongelela izimali ukugcwalisela emalini ekhishwa yiphalamende ngendlela enciphisa ingcindezi ekhona

njengamanje kubacwaningi abakhulu yokuqongelela izimali. Ukusungula nokuhlanganisa isikhungo i-Impact Centre e-HSRC omunye umsebenzi ozoqhubeka ukuthola ukwesekeka eminyakeni emithathu ezayo. Lena ingxenye ebaluleke kakhulu yesifiso soMkhandlu yokuguqula ubufakazi bayo bezesayenzi bube yinqubomgomo. Okokugcina, uMkhandlu uzogxila kakhulu ohlelweni lweminyaka eyishumi loMnyango Wezesayenzi Nokuqhamuka Nokusha njengoba yakha uhlelo oluphathelene nokwenza umsebenzi wonyaka i-Annual Performance Plan (2022/23).

Uma kucatshangwa ngokujulile ngombiko wokubheka ukuthi ngabe umsebenzi wenziwa kahle kangakanani lapha, umuntu angacabanga kalula ukuthi unyaka awubanga nezithiyo noma izinselelo. Kwakungenjalo. Kuningi okwakudingeka ukuthi kushintshwe ukuvumelana nesimo esisha, ngesikhathi sisabhekene nalokho esibekelwe ukuthi sikwenze. Ngibonga kakhulu elungwini ngalinye leZikhulu ze-HSRC nabasebenzi ngemizamo yabo emikhulukazi ngalokhu. Ngifisa futhi ukubonga amalungu eBhodi abelane ngesikhathi sawo, ulwazi lwawo nokuqonda kwawo okunzulu ngezinto eminyakeni emine eyedlule ungazenzeli wona kuphela. Kube ilungelo elikhethekile ukusebenza kuleli Bhodi nawo. Sibonga esibambisene nabo nabasifakela izimali abakwaze ukuthi kwenzeke lo msebenzi omkhulu kangaka esiwenzile. Okugcina, sibonga kakhulu kuNgqongqoshe Wezemfundo Ephakame, Ezesayensi Nokuqhamuka Nokusha nozakwethu bomnyango ngokuqhubeka nokuseseka nokuseluleka.



**Solw. Mvuyo Tom**
Usihlalo we-HSRC

26 August 2021



Solw. Leickness Simbayi

# 4 UKUBHEKA KABANZI KWESIKHULU ESIPHEZULU

Njengoba kubhekeke ukuthi kwenzeke ekupheleni kuka-2019/20, izimo ezintsha ziye zabaluleka njengomthelela wobhubhane lwe-COVID-19, imiphumela yamazinga amaningi okuvalwa kwezwe nemithetho ehambisana nayo, izibonakalisa. Indlela okubonakala ngayo u-2020/21 kuye kwaba nzima kakhulu ngesikhathi lokho okufunekayo kwezindlela zokubhekana nesimo okuyizinxa ezininingi ziqiniswe. Ukuphepha komsebenzi nempilonhle, ukwejwayela ukusebenzela ngaphandle kwasehhovisi, ukuhlela kabusha ukusetshenziswa kwezimali, ukuvikeleka kolwazi oluphathelene nezobuchwepheshe (IT) nokubhala izincwadi ezintsha ezichaza ucwaningo, ezinye zezinto ezibalulekile eziseqhulwini i-HSRC ekusingathe ngempumelelo onyakeni.

Inhlangano yenze kahle ngo-90% sekukonke okuphezulu kakhulu uma kubhekwa eminyakeni yakamuva nje. Lokhu kungadalwa yizinto eziningi ezingadala lokhu, okufaka:

1. Indlela yokusebenzela ekhaya eyaqaliswa ngoMashi 2020, yanikeza abasebenzi bocwaningo isikhathi esiningi kunesejwayelekile ukuthi bagxile ekubhaleleni ukushicilela, okuholele ezishicilelweni eziningi kuneminyaka engaphambili.
2. Izincazelo zenkomba yezobuchwepheshe yemigomo eyinkomba ethile iye yabuyekezelwa unyaka wokubuyekeza 2020/21 kuya phambili, ukucacisa izincazelo nokuvumela ukulandela nokubika okusebenza ngendlela efanele. Phakathi kwezinye izinto, lokhu kwavumela i-HSRC ukuthi ifinyelele emigomeni yayo yokubamba imihlangano yezesayensi, ngale kwemithetho yokuvalwa kwezwe.
3. Ithuba lokulungisa imigomo yohlelo oluphathelene nokwenza umsebenzi wonyaka i-Annual Performance Plan (APP) kulandela ukulungiswa kwesabiwozimali okukhethekile, kwavumela ukuthi kuncishiswe imigomo ehambisana nokuqashwa kwabaqeqeshwa beziqu zobudokotela kwaphinde kwavumela inhlangano ukuthi ifinyelele kulo mgomo, obekungeke kwenzeke.

Omunye wemigomo ngeshwa inhlangano engakwazanga ukufinyelela kuwo iphesenti lemali engenayo ephuma ngaphandle eyenzeka ngezimali ezikhishwa iphalamende. Lapha i-HSRC yashoda ngo-51%. Zimbili izizathu ezidala lokhu: inhlangano iye yathola ukufakelwa izimali eziningi zamaphrojekthi amakhulu eminyaka eminingi kodwa yangakwazi ukubona imali engenayo ngoba imithetho yokuvalwa kwezwe enzima ivikele umsebenzi owenziwa ngaphandle kwasehhovisi ezingeni lomphakathi izinyanga zokuqala eziyisithupha zezikhathi sokubuyekeza. Ngemisebenzi yocwaningo ebingakwazi ukuqhubeka, izincwadi ezithunyelwa kumakhasimende ezinohla lwemisebenzi eyenziwe yebanga elithathwa yinhlangano lokufinyelela emgomeni othile nekhombisa impahla okuhlinzekwa kwemisebenzi okudayisiwe ayikwazanga ukwenzeka ukuze kubonakale imali engenayo. Okwesibili, ngokushona phansi komnotho njengoba izinto eziseqhulwini

> *Ukuvumela isimo nokuqaliswa kwezindlela ezintsha zocwaningo kuvumele i-HSRC iqinisekise ukuthi izincwaningo eziqhubekayo ziyaqhubeka, ibhekane namathuba aye adalwa yisidingo sezindlela zokubhekana ezakhelwe ebufakazini emtheleleni we-COVID-19.*

zomhlaba jikelele zabuye zashintshwa ukwenzela ukubhekana ne-COVID-19, ukuthola izimali ezintsha kube lukhuni kakhulu kunokwejwayelekile.

Kwakulindelekile ukuthi umthelela wobhubhane uzohlala uyilokho okudala umkhawulo kuze kungene onyakeni wezimali u-2021/22. Ngenxa yalokhu, uma ubheka okungenzeka ekufinyeleleni kulo mgomo esimweni sezomnotho womhlaba jikelele esikhona njengamanje, futhi owakheleke kwidata yendlela okwenzeka ngayo izinto okuwumlando enhlanganweni, lo mgomo wokuhambisa umkhiqizo wehliswa usuka ku-48% waya ku-45% kwesikhathi sokuhlela isabiwozimali seminyaka emithathu okuqala ngo-2021/22.

Njengoba kulindelekile, ukuchitha izimali kuwo onke ama-akhawunti ezindleko abengaphansi kakhulu kwesabiwozimali. Umthelela wemithetho ye-COVID-19 ububonakala kakhulu uma kubhekwa izindleko zocwaningo ebeziwu-52% ngaphansi kwesabiwozimali.

Inhlangano ngaleyo ndlela iphothule unyaka ngemali engaphezulu ewu-R22.5 wezigidi, ikakhulu ngenxa yokuchitha imali encane ezindlekweni zocwaningo, zokuphatha umsebenzi nezokwenza umsebenzi. Isicelo sokugcina imali ewukheshe engaphezulu ngokwesigaba 53(3) soMthetho Wokusingathwa Kwezimali Zikahulumeni sizohanjiswa kuSikhwama Kazwelonke. Izimali ebeziphuma emalini engaphezulu egciniwe ka-2019/20 bezisetshenziswa ngendlela efanele kumaphrojekthi amaningi abalulekile awumongo nasebenzayo onyakeni obuyekezwayo. Lokhu kufaka ukwaba imali eningi ukwakha kabusha ingqalasizinda nemishini yezobuchwepheshe bolwazi (IT), okusize kakhulu ekubhekaneni neyodwa yezingozi zesu ze-HSRC.

Njengonyaka owedlule, ukubuyekeza kocwaningomabhuku kwangaphakathi kokusingathwa kokuhamba kwempahla nokuhlinzekwa kwemisebenzi phakathi kwamabhizini i-Supply Chain Management (SCM) kukhombise ubuthaka obumbalwa enhlanganiseleni yabantu, izinqubo namathuluzi okubekelwe ukuvikela nokulungisa lokho okudalwa yizehlo ezingafuneki esikhathini esibuyekezwayo. Izinhlelo zokunciphisa lokhu ukuze kubhekwane nakho seziqalile futhi ziqashiwe yokomidi lezokucutshungulwa kwamabhuku nezingozi i-Audit and Risk Committe. Nokho, izinhlelo nezinqubo ze-SCM ezihambisana noMthetho Wokusingathwa Kwezimali Zikahulumeni nomhlahlandlela namanothi omyalo ofanele kaSikhwama Kazwelonke, kuzohlala kukhona futhi kusebenza.

I-HSRC ayikaze yenze isiphakamiso sokuthenga noma sokuthengisa umkhiqizo noma sokuhlinzeka umsebenzi othile ingamenywanga ukwenza njalo onyakeni obuyekezwayo.

I-HSRC ihambisane nazo zonke izimiso zokuvalwa kwezwe ezikhishiwe ngokoMthetho Wokusingathwa Kwezinhlekelele, ukuvikela ukulahleka kwempilo nokugcina impilonhle yabasebenzi isesimweni esifanele, ngesikhathi esifanayo kugcinwa ukuqhubeka kwebhizinisi ezindaweni ezibalulekile zenhlangano. Yalandela ngempumelelo indlela yokusebenzela ekhaya kusukela ngoMashi 2020 futhi yaqhubeka nokusingatha ukungena emahhovisi ukwenzela ukuphepha nempilonhle yabasebenzi.

Amaphrojekthi amaningi ocwaningo kwadingeka ukuthi alungiswe njengoba amazinga amaningi okuvalwa kwezwe aqala ukusebenza. Lokhu kwadinga ukuthi izincwadi ezichaza ucwaningo zibuyekezwe bese zihanjiswe futhi ukuthi ziyobuyekezelwa inkambiso yokulungileyo ukwenzela izingozi ezintsha nezindlela ezehlukene zokuxhumana nababambiqhaza bocwaningo. Ukuvumela isimo nokuqaliswa kwezindlela ezintsha zocwaningo kuvumele i-HSRC iqinisekise ukuthi izincwaningo eziqhubekayo ziyaqhubeka, ibhekane namathuba aye adalwa yisidingo sezindlela zokubhekana ezakhelwe ebufakazini emtheleleni we-COVID-19.

Inselelo enkulu enhlanganweni ukuqhubeka kwemikhawulo esambeni senani lemali elikhokhelwa umqashi likhokhela abasebenzi. Ukusingatha okulindelwe amalungu abasebenzi okuphathelene neholo, ngesikhathi ingakwazi ukukhokha imiklomelo noma ukuqalisa ukwenyuka kwezindleko zokuphila, yilokhu ziyingozi eqhubekayo Ngaphezu kokukhiqiza amazinga aphansi okukhuthaza nomdlandla kubasebenzi, kwenza izithiyo ezikhona zibe zimbi kakhulu ukuqasha nokugcina abasebenzi abanamakhono abasuka emaqenjini akade encishwe amathuba, okunomthelela ngqo kokuphokophelwe i-HSRC koguquko. Izikhulu Eziphezulu ze-HSRC zizobhekana nalokhu ngokuqalisa izinqubomgomo ezifanele ukwenza ukuthi kube nohlelo lokuklomelisa abasebenzi ngaphandle kwesamba senani lemali elikhokhelwa umqashi likhokhela abasebenzi.

Imisebenzi emisha ebalulekile ibandakanya ukusebenza ngokubambisana okujabulisayo noMnyango Wezesayensi Nokuqhamuka Nokusha. Owokuqala uhlelo lomsebenzi wentsha lukaMongameli, iphrojekthi yokukhombisa eyingxenye yohlelo lokudala amathuba omsebenzi lukaMongameli olwethulwa mhla ziyi-15 ku-Okthoba 2020. Iphrojekthi ihlose ukuhlinzeka abafundi abaneziqu abangasebenzi abawu-1 000 ngoqeqesho nemfundo yokufundela umsebenzi ukwenza ngcono ukuthi baqasheke endaweni yomsebenzi nokukhuthaza ukuziqalela amabhizinisi emphakathini. Ngale phrojekthi yokukhombisa, i-HSRC izokwenza amathuba omsebenzi kubafundi abaneziqu abawu-1 000 kuyo yonke imikhakha yezemfundo, ngokubafaka ezindaweni zokusebenza ezikhokhelayo izinyanga eziyisithupha. Iqoqo lokuqala labafundi abaneziqu lizofakwa ezindaweni zokusebenza lakhethwa ngokungalandeli indlela ethile kubafakizicelo abawu-5 454.

Umsebenzi wesibili ubandakanya ukwedlulisa uhlelo lokuqeqeshwa kwabafundi abaneziqu lo Mnyango Wezesayensi Nokuqhamuka Nokusha lusuka eNhlanganweni Yocwaningo Kuzwelonke luye ku-HSRC. Inhloso yalolu uhlelo lokuqeqeshwa kwabafundi abaneziqu, njengoba lushiwo Mnyango Wezesayensi Nokuqhamuka Nokusha ukuhlinzeka ulwazi lomsebenzi kubafundi abaneziqu

abangasebenzi ngokubafaka esikhungweni socwaningo, ukuthuthukisa nasekuqhamukeni nokusha, ohlelweni likazwelonke lokuqhamuka nokusha nezinye izikhungo ezifanele emikhakheni yomibili kahulumeni nozimele. Ngaphezu kokusingatha, ukuqapha nokuhlola uhlelo. i-HSRC izoqalisa ucwaningo lokulandela olusebenza ngempumelelo kubahlomuli bohlelo.

I-HSRC izohlala iyinhlangano esebenzayo neyenza inzuzo njengoba kuqinisekise ucwaningomabhuku. Ukusebenza nokwenza kwayo inzuzo kuvunyelwa, phakathi kwezinye izinto, amaphrojekthi eminyaka eminingi namakhulu atholelwa izimali. Okuseqhulwini onyakeni wezimali ka-2021/22 kuzoba ukuqasha abantu ababalulekile ukwenza amathimba ocwaningo akwazi ukwenza umsebenzi ngendlela efanele ukuze benze okulindeleke kubo mayelana nezivumelwano zabo zokufakwa kwezimali.

Ekungabini khona kohlelo lokusingatha isimo esibucayi esadalwa ukuvumbuka kobhubhane i-COVID-19, siyaziqhenya kakhulu ukwethula lo Mbiko Wonyaka. Ukuphumelela okukhonjiswe lapha kwenzeka kuphela ngenxa yokuqhamuka nokusha, ukuzimisela, kanye nokunyakaza ngokushesha nakalula kwethimba labacwaningi abazinikele nabasebenzi abesekayo.

Ngiyabonga Ezikhulwini Eziphezulu ze-HSRC ezedlule kulezi zimo ezingakaze zibonakale ezinobuholi nozwelo okudingekayo, ngale kwamaxhala abo.

Sicabanga labo zakwethu abasilahlekele kulo nyaka, kanye namalungu emindeni yabo ethandekayo nabangani.



**Solw. Leickness Simbayi**
Ibamba Lesikhulu Esiphezulu le-HSRC

26 August 2021